# UBhubesi NoNtibane

Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguHlengiwe Ngcongo
Umfanekisi nguJoseph Somwe     Umhlobisi nguCaitlin Sloane



WORLD BANK GROUP
Room to Read®
INDWA PUBLISHERS
Flying High



UBhubesi wayesezule isikhathi eside
efuna ukudla engakutholi.

Kusenjalo, waphoseka esicuphweni.

“Sizani bo! Ngisizeni! Ngisizeni bo!”
washo wabhonga uBhubesi kwaduma ihlathi.



Khona lapho, kwaqhamuka uNtibane ezihambela.
“Ngiyacela bandla, awungikhiphe lapha!”
sekuncenga uBhubesi.

“Hhayi ngeke!” kuphendula uNtibane.
“Ngizothi ngithi ngiyakukhipha lapho,
uvele ungidle nje wena!”



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 7 6/20/23 15:42

UBhubesi waqhubeka ezincengela kuNtibane. "O! Ntibane ngiyakucela, ngikhulule. Ngizokubonga ngesiduli esinemihlwa emnandi, ekhuluphele."


UNtibane enenhliziyo enhle futhi kumjabulisa ukuncengwa yinkosi yehlathi, wavuma. Kancane, kancane wasivula isicupho.



ZA_ABP_13_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 9 6/20/23 15:42

Waphuma wagxumagxuma uBhubesi, ejabule. Wayesethi kuNtibane, “Asambe-ke ngiyokukhombisa isiduli semihlwa emnandi ekhuluphele. Hamba phambili, ulandele leyo ndlela.”

UNtibane, noma enokungabaza kodwa wavuma.



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 11 6/20/23 15:42

Besahambe ibangana, uBhubesi wathi, “Ntibane, unomsila omuhle bo!”

“O, ngiyabonga,” sekusho uNtibane. “Kodwa mncanyana nje. Ngifisa sengathi ngabe mkhulu.”

“Hhayi suka, ulungile lo msila, futhi ubukeka ungaba mnandi! Ungangilumisa nje kancane? Sengilambe kakhulu.”

“Hhayi bo Bhubesi!” kumemeza uNtibane ngokucasuka.



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 13 6/20/23 15:42



“Kulungile-ke,” sekusho uBhubesi. “Uma ungafuni nomsila wakho, ngilumise kancane nje indlebe yakho. Ngeke ngiyidle yonke, ngiyakwethembisa.”

UNtibane waba nokwesaba manje.

Wayesecabanga isu. “Ake siye kuNogwaja, simuzwe ukuthi uzothini ngale ndaba.”



UBhubesi wavuma, ecabanga ukuthi uNogwaja uzovumelana naye ngoba eyinkosi yehlathi. Bafika kuNogwaja.



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 16 6/20/23 15:42

“Sawubona Nogwaja,” kusho uNtibane. “Ngiyaxolisa ukukuphazamisa. Sinenkinga la, sicela usisize.”

“Khuluma, ngilalele,” kusho uNogwaja.



UNtibane wachaza konke okwenzekile ngesicupho, nendlala kaBhubesi.

UBhubesi ecasukile, wavele wabhavumula, ephikisana nokushiwo nguNtibane.



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 18 6/20/23 15:42



“Yimani-ke! Yini singaphindeli ehlathini,
ukuze ngiyizwe kahle le ndaba?”
sekusho uNogwaja.

Balandelana-ke bonke,
sebephindela ehlathini.

ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 19 6/20/23 15:42

Ehlathini isicupho sasisekhona lapho, sivulekile.

UNogwaja wathi, “Bhubesi, ake usho-ke ukuthi kwenzekeni.”

“Mina bengimi laphaya,” uBhubesi ekhomba esicuphweni.

“Wooo, Bhubesi!” kungenelela uNogwaja. “Musa ukukhomba. Ngena phakathi sibone ukuthi izinyawo zakho bezikuphi.”

Nangempela uBhubesi washo wagxuma, wangena phakathi esicuphweni.



Masinyane uNogwaja wagxumela isicupho, wasivala!

“Bhubesi, isilwane esingabongi asifanelwe ukusizwa!” Kwasho uNogwaja.

UNogwaja wabheka ngakuNtibane wathi, “Wena Ntibane unomusa, ulungile. Goduka uye emndenini wakho nomsila wakho, namadlebe akho.”



ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 23 6/20/23 15:42

Room to Read®

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*UBhubesi NoNtibane*
Lion and Warthog

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0022
ISBN: 978-1-928474-01-2

Ishicilelwe okokuqala iIndwa Publishers.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiZulu nguHlengiwe Ngcongo.
Umfanekisi nguJoseph Somwe
Umhlobisi nguCaitlin Sloane
Umhleli nguAlison Ziki
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Indwa Publishers
Meredale, Johannesburg South, 2091
Matthew Jabulani Mngadi | 011 942-5389

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.

ZA_ABP_18_0023_LionAndWarthog_Inside.indd 24 6/20/23 15:42